(51) 794. ~~A13/3/21.~~ K13/21. K 13/21 F. M. Vilakazi. (b) 1/31

1b Phephetha and Vilakazi history

1. Ama Phephethe ama Vilakazi (a6ase ngovu nengovuma).
La6a amaNgwane uqo6olwawo omuda6u futhi. Uku6a 6a6e
6omvana 6afuze ekha6onina kwathi uku6a uNgwane wokuqala alandele
uZulu 6ephuma enhla nezwe lase Africa wabeka ngasoBonjeni yena.
Njengo6a a6antu a6amnyama 6athi ngokwehla phakathi neAfrica
6afumanisa izizwe ezinye kuleli lase South Africa naye uNgwane
wafumanisa amaLala akwa Mla6a inkosi yawo. Sengathi nawo
ayesafika kuleli lase Bonjeni e6alekela uZulu. AmaLala lana
ayephila ngokuzinge la izinyamazane engenazo izi nkomo. Phoke
aye nezintombi ezinhle ayezithanda uNgwane.
2. Kuthena uku6a uMla6a amuganisele ngentombi yakhe enhle
kakhulu uMzamose wa ja6ula kakhulu uNgwane wase uyawayeka aka-
wa 6ulala yena aMalala kwakuyisizwanyana esilula nasemehlweni
singena wo amandla. Kuthe uku6a uMzamose agane kwa Ngwane
amakhosikazi ka Ngwane awathokoza ngaye ngo6a naye uNgwane wa-
li6ale uyena uMzamose aka6e esawanaka amakhosikazi akhe kwathi
nentendo kazi yakhe u maMshengu aka6e asayinaka. Kwathi ngo-
ku6ona ukuthi umuzi wakhe uyaxe6ena wamususa uMzamose emzini
wakhe omkhulu owawuse Madlangeni wamusa phezukoSuthu oluncane
3. kwa Hoho wamakhela khona umuzi o mkhulu wamuhambisa nesizwe
sakwa Mlotha somfowa6o kayise esaqala ngokusala sona uma
uNgwane elandela uZulu kuthena mva salandela.
Lona inkosazana yamahala yase izala umfana wa6amhlophe
igamalakhe kwakuwu Mpephetha nazi izibongo zakhe:-
Umphephethi wezinduku za6afo.
Undlela zimazombezombe umafika muva wadla u 6ukhosi.
Ingwe idla ngama6ala ayo. Lomfana wamthanda kakhulu
uyise kuna6anye. Wayesemenza inkosikazi unina. Laphoke ama-
Ngwane akhuza umhlola amaNgwane afuna ukumu6ulala unina nom-
4. fana. Kuthena kunjalo nenkosi afuna ukuyi6ulala. Ukusuka
kwayo emzini wayo emaDlangeni yemukha yaye yafika emzini wayo
e6usuku yahlomisa uMlotha uku6a ayelekelele. Nawoke amaLala
ahloma ukuyokwelekelela uNgwane e6ulawa yi6o a6antu 6akhe.
Impi lena yalwela phezulu ezinta6eni zasembabane lapho kukhona
idiloba elikhulu lama Ngwane namhlanjena. Lena eyamaNgwane
yayibolwa uNyawo Mshengu eyona kwakuyinceku enkulu ka Ngwane.
Ukuze Ngwane aphunyale aye ayofinyelela emzini wakhe kwa Hoho
wasizwa unyameni inyanga yempi eyanifihla ya mkhomba emzini
5. omunge kanti iyamazi ukuthi ukomunye. Kuthena noma ivimbe-
zela lapho yalindela ukuthi kuze aphume. Kuthiwa yawubabisa
lowo muzi.

/Unyameni use..................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Unyameni use thumela ekuFeni omunye umuzi wakhe uNgwane ukuthi akemuke uya6ulawa lapha inceku yakhe enkulu ehlangene nendodana yakhe u Dlamini ya kwama Mshengu. Laphoke amaNgwane ada6uka ka6ili amanye ahamba nayo inkosi amanye a6angakuyona indodana nenceku. A6aningi 6a6angaku Dlamini kwenziwa ngo6a amaLala 6engawafuni 6engafuni ukuthi uMpephetha ango6a yinkosi yamaNgwane.

6. Ukulwa kwayo impi. Umnyameni usekhuza umhlolo Unyawo wa6iza izinduna zonke eziseduzane ezazivuna uDlamini zonke khona emaDlangeni. Wayese6alekile uNgwane esekwa Hoho. Seyixoxa inda6a inda6a yempi nokuphuma kwayo nga6o u6usuku o6ulandelayo. athula uMnyameni kuthena umase6eqeda ukukhuluma wavela ngoku khuza umhlola. "Na6ulala umntwana izinyane leNgonyama ngomkhonto ongayilingene na. Naqatha izive nangenisa izitha ekhaya nenzani zinduna na?" Kuthiwa wafela lapho uMnyameni ugwazwa uNyawo uqo6o ayi omnye. Ncasulwa uku6a avimbele impi eseyiphahile yena. Ngokufa kuka Mnyamane wayi khipha impi yabeka

7. khona kwa Hoho. Kanti naye u Mlotha usiyikhiphile eyakhe impi kanye neyamalala, wathi ayihambe iyohlala ilindele khona ezinta6eni zase Mbabane kwathi esali6ele ikuzingela izinyamazane lena yenkosi kwe zwakala uMlotha esememeza impi uku6a i6uye i6uthane ngo6a seku6onakala ihlanzana lalena yakwa Dlamini liqamuka.

Ya6uyayonke impi yase iyaphakwa nayo khonalapho. Kwa kuntambama kwenzekaloku, ngo6a yalwa yaze yadukelana aya6e isabonana. Kwathi ngokuhlangana kwayo, ya6ambana kwamnyama kwazisa ukuthi lena ya kwaDlamini iningi kunekayise. Yehlulwa lena

8. ekhayise. Kuthena kusasa wa6uye wathathisa ka6usha uMlotha lapho a hla6ana khona kwaze kwa mnyama izidumbu zamadoda phambi kwakhe. Kulapha athola khona lezi izi6ongo:-

Usinti6a esimnyama nasiya,
Ngisisa6a ngisi6ona,
UMlambo, ka Nwaya6i!
Unyoni zikhala ngezimpiko.
Umkonto ovikele isilo Ngwane.
Umlambo ogcwala usenyaka
eminye igcwala yewukela!
Inyoni ka nwaya6i,
eyakhele uNgwane.
Isilo esimnyama kwezimhlophe ngiyase sa6a.

Njengo6a ngishilo ukuthi amaLala isizwe esasingakwazi u-

9. kulwa yephinde yehlulwa lena e6a Mlotha. Kuthena ukukuzwaloku u Ngwane washaywa uvalo wase uyafa khona manjalo wafela ezinkwazini zomngwempisi ecashe khona ne impi incane. Wemuka uMlotha nomntwana uMphephethe wave wakwela uBombo ngase Gollel.

/Laphoke uNgwane.................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Laphoke uNgwane wahlakazeka kaningi, kwase ku6a ukuzula kwaso ngo6a uNyawo waye no lakha 6eno Dlamini 6e6usa ngagazi ngokulwa njalo njena. Wathi uku6aleka uMphephetha wase ulwa na6afowa6o a6anye ngokwesa6a ukuthi 6ezomu6angisa. Kwathi sa6aleka naye saqonda emthonjeni womzinyatho. Nayeke u Hlu6i okayise u Dlamini naye wahamba nempi enkhulu impela.

10. Namhlanjena siskhona lesi sizwe samaHlu6i yisona sakwa Ngwane naso. A6anye 6ennike 6awela u Maluthi 6aye 6akho emthonjeni wo Tugela phansi koNdi. La6ake 6ahamba naye futhi umfowa6o ka Dlamini uZizi. Kwathi futhi emvakwesi khathi amaZizi a6uye emukha emthonjeni wo Tukela aye ezweni la6a Twa. La6ake 6aka Zizi 6ahlangana na6eSuthu namhlanjena 6ehlukene a6anye a6akwa Ndlovu. Undlovu lona indodana yakhe uZizi 6aziqa mba ngayo njengo6a kuqala kwaluwamile ukuziqamba ngomholi. A6anye 6ama Zizi 6asekhona emthonjeni wo Tukela nanamhlanjena yiwona amaNgwane 6onke la6o.

11. La6ake 6akwa Mphephetha 6aqanjwa ngonina ukuthi amaVilakazi. Phela uMzamose waye ngaphumeli phandle, nangesi khathi sokulima waye ngaphumi yena endlini. Ayethi amanye amakhosikazi ephumile elima yena alinyelwe a6antu 6esifazane afika na6o kwa Ngwane. A6anye 6a6ethunyelwa khona ekhaya uku6a 6ayomulimela. Sengathi loku kwakungumkho6a wama Lala. Ukwazisa owenkosi. Kwase kuduma kwa Ngwane ukuthi kwa Hoho kwa Vilakazi kushiwo ngo6a wa yevilapha uMzamose lona. Noma se6emukile kwaziwa ngokuthi ahambile amaVilakazi ka Mphephethe kwaze kwa 6ayisiga lesi. Namhlanjena sekuyisi6ongo.

12. UMzamose eyogana inkosi Ungwane. Kwathi inkosi yamaThonga yaganisela u Ngwane intombi yayo uZandile uku6a afikengaso Bonjeni uNgwane. Kwaku ngewona amahala edwa awa fumanisa oBonjeni uNgwane na6a Thonga 6ase 6ekhona 6aziwa njenga maLanga ngo6a 6ona 6athi ukwehluka 6aqonda lapho ilanga liphuma ngakhona 6ehluke kuwona amaNgwane. Oyena ewumukoli wawo u Thonga. Ku thena ngoku6ona uNgwane wa sefuna uku6a 6ahlale ngoxolo. Sengathi ekwahlukaneni kwa6o 6axa6ana. Phoke wa6ona u Thonga ukuthi angingandawo wase uyamuganisela intombi yakhe uZandile wayala u Ngwane akaze ayivuma nempela.

13. Loku kwawa thukuthelisa impela ama Thonga. Kuthena kunjalo kwezwa kala ukuthi inkosi yamaLala iyamuganisela uMzamose wase iyamuvuma uNgwane. AmaThonga athukuthela kakhulu ukuthi wela owethu umntwana uthanda owama Lala. Ayeselindela ilanga lokugida kuka Mzamose. Ne6ala lase liyezwakala lolusuka ahloma aphelela amaThonga. Wathi ayiphume impi ngo6a phela wona amaThonga aye akhe ngase Phuthukezi lapha kuse Go6a manjena. Yathi ukuphuma wathi, "Ngoke ngizwe nina 6aka 6a6a uMona, M6a6alale 6o6a6ili ni6avimbezele 6e li6ele.

/Yaphuma impi..................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

14. Yaphuma impi ya ye yalala oBonjeni lapha kukhona umuzi wase Stegi manjena. Kwathi kusa yayi phikelela phambile. Kwathi ebusuku belibele yahlanganisa umuzi. Kuthe ngokubona ukuthi kusemnyama kakhulu yalala impi ilala iyena izungeze wona umuzi wenkosi uNgwane. Kuthi umasekuzokusa yavuka impi yamaThonga. Kuthena umaivuka kanti nama butho ka Ngwane kulapha eseyibonile. Kwathi u Nyaluza waphumelela ukuyohlomisa uNyawo ukuba afike namabutho. Wcqakubona belele. Kuthena ngokuvuka base bebona impi enkulu ngemuva kwabo. Nayo phela yayilindele kuse idumelane kukhanya ukuze ibonane.

15. Kuthi ukuba idumelane inkosi noMzamose baphuma kodwa ivi-yo elali khipha inkosi aba ningi balo basala khona lapho. Kwazise ukuthi be qondene ngalapho impi yakhubo inamandla ngakhona. Yasale ibulalana impi inkosi yemukha yashona kwano Bamba yaye yabacakhona naye uMzamose. Owuyena yayihamba naye uyena u-Mlotha. Kwathi ukuba lifudumale yemika eyamaThonga. Okwenza ilwe isikhathi eside yayinga bambani kanye kanye ngoba iyama Ngwane yayifika amamdlanzane ingaziwa impi yamaThonga. Yase iyayixosha eya kwa Ngwane yemuka nayo. Ama ningi amaThonga

16. asala khona empini yase Zulwini, uma usubeke e Mbabane, ngoba yayikhukhula ekhaya yemuka nayo. Kuthena uma iseZulwini yathathisa kabusha eyamaThonga. Inzondo enkulu kuma maNgwane namaThonga yasuka kuleyompi kuze kube namhlanjena amaThonga namaNgwane akufunani nakancane.

Kwathi ngalelo langa uma impi isiphelile izingwazi zibizwa, zase zelatshwa ngemithi nangezi ntelezi zaphothulwa kahle. Kwabe yikhona bevu nyelwa ukuya emakhaya be vunyelwa nokudla yonke inyama. Phela uma umuntu angaphothulwanga akayidli inyama yangaphakathi. Ukuze bana kekelwe njena ngoba u Thonga uyazi-

17. wa ukuthi unemithi emibi, waziwa ngesikhathi esenguye owakwa Ngwane naye. Wabaleka nezintelezi eziningi zakwa Ngwane ngoba waye kwazi ukwelapha impi.

Kuthena ukuba ehlulwe uThonga wavuka kwelase Goba wabeka kwaZulu. Uthena uma engakangeni kwaZulu wase u yakha umuzi wakhe eduze nesolwandle. Fulapha a felakhona ena. Kuthena ukuba afe isizwe sakhe samanjalo saziwa ngokuthi amaThonga nenamhlanjena amaThonga asekhona kulo lelo phakathi kwama Ngwane no Zulu. Amanye amaThonga asayabuyela Swazini. Kulaba bakwa Mazivasegcwele oBonjeni phezulu.

18. Yingako namhlanjena ngisho nawo amaNgwane akhe oBonjeni kuthiwa amaThonga. Phela sekwaze kwaba yisiga ukuthi, "Umuka uyi Thonga yininay?" AmaThonga awanyinkomo, futhi ayanuka, ngoba awagezi avamisa ukuzula efuna izinyamazane. Kokunye alale amasonto ehlane efuna izinyamazane. Avama ukwembatha (izingubo) izikhumba zezinyamazane ukuze aphumelele ukuzibulala zithi mhlawumbe ezinye izinyamazane.

/Ahlala....

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Ahlala emgedeni noma e6ona umuntu aya6aleka angene kuyona imigede lena. Namhlanjena awasenjalo asengcono. Ayafana njena namaSwazi nawo mancanyane.

19. AmaVilakazi ayaziwa kakhulu kwa Ngwane. Inkosi ayiyi thathi intombazane yakwa Vilakazi noma nga6e iyayithanda ayethathwa e6ukhosini eyama Phephetha ngo6a kwesatshwa isenzo sika Mzamose owangenisa umkonto kwa Ngwane nomzi wenkosi wa citheka ngenxa yakhe. UNgwane wokuqala umuzi wakhe wacitheka waze waphenjeva uNgwane wesi6ili ukuze namahlanjena si6ekhona isizwe samaNgwane. Nezizwe ezemuka kungafa uNgwane wokuqala wazihlanganisa uNgwane wesi6ili zaphindela khona emzini wazo omdala. Ngenda6a yoku6a yena uNgwane wesi6ili ezalwa uDlamini.

20. Amakhosi nanamhlanjena awakwa Dlamini. Loku kwenziwa ngo6a uNgwane wada6uka ka6ili. NoNgwane inkosi yafa ya shiya zonke izintelezi zayo kwa naMshengu. Ukuze u Dlamini a6uthole lo6ukhosi wasizwa u malume wakhe uNyawo. Njengo6a amaNgwane ayelinisa izulu nanamhlanjena ayalinisa iZulu uma li6alele. Lomlingo wa tholakala kuyena uNgwane wokuqala, akwaziwa ukuthi wawuthathaphi, noma wawuthatha kumfowa6o uThonga ngo6a u muthi waye wazi kakhulu yena.

Nayeke uSobuza uma seli6alele uye afukame uma se6eliceli. Nasendulo kuwona amakhosi amadala iZulu lalicelwa kwa Ngwane, emakhosini akhona.

21. Ukufa ku ka Mlotha.

UMlotha ziningi izimpi zakwa Ngwane ayezilwa. Uyena awayekhona nangempi yamaShangene elwela yena uNgwane nakwa No6amba uNgwane elwa nomfowa6o uThekwane wayekhona awuyena wadala ama Ngwe. Kwathi uku6a ahlanga6ezane nempi yesi6ili ka Dlamini 6efuna umntwana ka Mpephetha uNada uku6a amugane enga6a ama Vilakazi awayingenaleyo. UNada lona ayamufuna wonke amakhosi ngisho nawakwa Zulu oDingane 6a6amfuna kodwa oyena waqala ukumfuna uyena uDlamini. Kuthena noma amaNgwane

22. engafuni waphikelela yena. Okokuqala wakhipha amadoda ama6ili ukulanda uNada wenqa6a uMpephethe wathi:-

Umntanami angephindele kwaNgwane lapho kwafela u6a6akhona kunaloko singafa sonke maVilakazi siphele umasiphela. Lamadoda ama6ili ayehamba nezinkomo kwa kuwumhlanjana wokucela yena u Nada kuyise uMpephetha. Amadoda kwaku Nongeni Zwane no Lunga Tha6ethe. Izinkomo azithatha azidla amaVilakazi. Kwa6a uku6aleka kwa6o oNongeni 6a sinda ngokucasha. Kwathi ngo6a 6ase 6ehamba 6ephindela emuva nazo, 6a6ona impi yezinsizwa ziyihlanzana, 6ese 6eziyeka izinkomo 6angena ehlathini.

23. Ngoku6ona ukuthi izo6alandela impi 6angena gede 6enyusa ihlathi 6abeka ngalapho impi iphuma ngakhona.

/6ahambela ecelenl...............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

6ahambela eceleni kwayo. Kwathi uma ifika ezinkomeni yase yendlula ilandela 6ona yahamba kwathi ngoku6ona ukuthi ilanga seliyashona ya 6uya isi6uya nazo izinkomo. Loku kwenzeka se6aso Phonjwana. 6athi ngokuyi6ona yendlula nazo 6athula yaze yayo shona 6ahamba u6usuku 6onke 6a ye6angena ekuseni emaDlangeni eNtunzini umuzi ka Dlamini omkhulu. Kuthena uku6a ezweloku uDlamini wathukuthela kakhulu. Wathumela enoekwini yakhe uZulumbi Motha uku6a i6ize umkhandlu wama Ngwane.

24.Be6ala wasukela phezulu wenza njengo6a inkosi imulayile. Wa thumela ezinduneni za6aqoqa a6antu kwathi kusa ngakusasa uNgwane wayesegcwele esa6eka eNtunzini. Inkosi yase i6iza izinduna nenceku yayo namadoda eyayiwathumile ukulanda uNada. Yathi awalande ne6ala alanda amadoda. Nezinduna zakhuza umhlolo uku6a kudliwe nezinkomo zenkosi, ku6ulawe na6antu 6enkosi. Aku6anga yinda6a ende kwathi kunjalo yangena esi6ayeni yaya6a impi lathi umaselitshekile yaphela. Yathi ninga6uyi nodwana no6ulala 6onke nishiye leyo ntombazane nenkosi yawo ama Vilana lawo ningayishiyi isaphila niyibulale. Intombazane noma niyi6ulele ni6uye nesidumbusayo.

25. Yahamba impi yenkosi. Wayinika uMotha. Yahamba ilanga kwathi ngakusasa yangena ezweni lama Vilakazi yalindela ukuthi kuhle ingene ekuseni ukuthatha kokusa. Yase iyalala. Kanti izinhloli zama Phephethe seziyi6onile. Azithatha zonke izinkomo azifaka emgedeni. Namakhosikazi na6antwana a6afaka khona emgedeni. Nayeke u Nada wangena emgedeni nempi e yayimulindile. Kuthena u kuthatha kokusasa yase iyadumelane yakhuhlana, yase iyahlehla eyama Vilakazi. Kwase kuphuma nalena e6esenagedeni yadumela nayo. Kulena uMlotha wafa eseca6ile sekwesa6eka. Aka6ulawanga ukugwazwa. Kuthiwa wawaphansi wase uyafa njalo.

26. Kuthiwa kwezwa kala uNogweleja Nkosi esemu6engela ethi:-

Sithi6a Mlotha igazi lamadoda
Umziqomela njengesilwane!
Uda6u6ula amadoda.
Asale emangele izinqamu.
uCe6uza njengenkunzi!
Ungogo za6antu nezezinkomo;
uSehlangendawana yakhe.
Untaki iduke nomhlambi.
Ngo6a iduke nezakwa Mla6a.
Ungwa6a6a zinezinyembezi,
Umkono ovikele si6ili.
Uyafa! Uyafa!
Uya ufa ngamaloyiso.
Inyoni endiza oBonjeni
Yezwa kala ukuduma
Yaduma lana igazi zamadoda.

/Uyafa, ufela..................

Uyafa, ufela ezinkumbini
Ezinkumbi zegazi lamadoda.
Umaqoma azendlalele,
Kade awephansi afe.
Sithi6a unjengo Mlotha.

27. Kuthena uku6a ku6ona kale ukuthi usewile uMlotha. Wasuka yena u qo6o lwakhe uMphephetha nempi yokuguni. Lapho wafike wayingena ngenxe6a, elenziwe uMlotha wayithutha wemuka nayo waze waye wayilahla. Laphoke yehlulwa impi ka Dlamini kwathi a6asele 6aphindela emuva. Ayimanga i6alandela lena eya Maphephetha.

Phela uNada lona kwakungeyena umuntu kahle. Kwafika umlungu emzini wenkosi evela ePhuthukezi wahlala izinsukwana wa6uye wahamba. Umakulinganiswa sengathi izinyanga ezimbili azihlala emuzini wenkosi. Nokuhamba kwakhe akwaziwa ukuthi wahamba nini. Uyena a6amusolayo ukuthi wahlangana nenkosikazi yenkosi ukuze ithole lomntwana owayemuhle kangaka. Izimvele zakhe zazizinde zingafani neza6antu, amehlo akhe ayemahle eluthuthuva. Wonke umzimba wakhe umhlophe ungafani nowa6antu.

28.

Sengathi umlungu wathi anga6ona ukuthi inkosikazi yenkosi yemithi wase uya6aleka. Naye uyise wayemhlophe ngo6a ezalwa intombazane yamaLala. Amalala amhloshana. Nekosikazi yenkosi ezala uNada yayi mhlophe iyilona iLala. Yikolokwokwenza kungaqodakala ukuthi wazalwa u6ani. Kodwa izinwele zakhe zikhombisa ukuthi kwakungeyena umuntu. Kuthena kungada ama Khalandi kwayikhona kusolwa ukuthi uNada wayengeyena umuntu wayeyi Khaladi.

29. Kwathi uku6a uMphephethi inkosi yama Vilakazi i6one ukuthi a6antu 6ayo 6aphelile yase izwa uDumo lwakwa Zulu ku6usa uSenzangakhona yase iyamuganisela ngezintombi ezimbili, sengathi u Nada wayesemncane. Nenkosi uDlamini yayimufuna esemncane. Phela a6antu 6a kuqala 6a6elo6ola ngamageja nange imbedu, nezimbuzi kwakulotsholwa ngazo. Futhi into eyayiqondwe uMpephetha wayefuna ukwenza u6uhlo6o na6a kwa Zulu. Wayesalindele ukuthi uDlamini usazothumela enye impi.

/Ngalenkathi ku6usa...............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Ngalenkathi ku6usa uSenzangakhona zazingekho izinkomo eziningi, kwaZulu ngo6a wayengahlaseli yena. Izinkomo kwaZulu zande kungafa yena kwa6usa uTshaka.

30. UMphephetha wawahambisa nezinto, izipho eziningi amantombazane akhe. Kwakungathi impi uma 6ekude ngo6uningi 6ephelezela amakhosazane eyogana kwaZulu. UZulu wethuka naye wa6uye wa6ona ukuthi akuyona impi. Kwakut elwe izimpondo zezinyamazane nezikhumba z zinyamazane, kuqutshwa izinkomo phambili. La6antwana 6enkosi 6a6equtshwa uNgazane Zwane. Waye yinduna yase Ngovuma. Kwakunamanye amadoda. Okwenza ku6e namadoda yimpahlalena ayehambanayo amakhosazane enkosi. USenzangakhona wawemukela, wa6onga kakhulu. Nezinkomo wazi6onga kakhulu. Nayeke wayesethu-

31. mela a6akhe a6antu 6ehambisa ilo6olo. Ngalesi sikhathi kwaZulu kwa kulotsholwa ngezikhumba zezinyamazane nangezimpondo zezinyamazane. Nayeke uMphephetha wahlala ngokwenama ngesikhathi ku6usa uSenzangakhona. Kuthena noma soku6usa yena uTshaka wahlala ngoku6usa. Kuthena umaseku6usa uDingane waqala ukulwa no Zulu. uDingane wayefuna u Nada njengo6a wayenodumo kulalonke izwe la kwa Zulu naso Swazini. AmaVilakazi ayengovumi naye uku6a ahambe ayogana u Nada. Ayemkhonzile. Awavumanganaye ku6antu a6a6e thunyelwe uDingane. Kwase kuvela impi enkulu yamaVilakazi na6a kwa Zulu. Kulempi ama Vilakazi ahlulwa.

32. Kwathi uku6a a6one ukuthi asehlulwe angena emgedeni namakhosikazi angena emgedeni konke nezinkomo. Yalindela impi yakwaZulu ayawathola ama Vilakazi. Kwa6a ukuhamba kwayo impi yakwaZulu yaphindela emva. Kwathi ezinye izinkomo yethuka ihlangana nazo yemuka nazo. Kwathi ngokuphuma kwayo impi na6antwana 6a6ona ukuthi amasimu ashisiwe 6a6ulawa indlala enkulu. Kwa6angela ama Vilakazi uku6a afunde ukutshotsha izinkomo no kudla kwaZulu. 6a6ezintshontsha izinkomo 6angene nazo emgedeni kwathi uku6a uZulu a6one ukuthi ithu6a lokuthola izinkomo ukulwa nama Vilakazi 6alwa impi enkulu.

33/Laphoke ama....................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

33. Laphoke amaVilakazi asengena emgedeni nezinkomo anyamalala. Zulu wayesephindela emuva. Aphinda futhi amaVilakazi azintshontsha izinkomo zakwaZulu. Izinkomo zamaZulu zaphelela emgedeni kwathi uZulu ukuба aбone ukuthi izinkomo zakhe ziyaphela wayesencenga u Mbopha ukuба ayohlola wona amaVilakazi ukuthi izinkomo zawo azifihlangakuphi. UMbopha wafika njengomuntu ozokhonja enkosi yama Vilakazi. Neбala бamvumela wayegamva uMakhopho. Kuthe langalinye uMbopha wemuka esephindela kwaZulu. Laphoke wafika wayeneka yonke indaбa kwaZulu ukuthi umgede uyawazi wonke wokufihla izinkomo.

34. Inkosi uZulu wonke wavumela yona inkosi uDingane. Kwase kuthunywa yena uMbopha ukuya kuma Vilakazi yahamba impi izinsuku ezintathu kwathi ngolwesine yafinyelela. Ama Vilakazi azithatha izinkomo azifaka kuwona umgede kanti uZulu uyaбona lapho zifakwa ngakhona. UMbopha wayiбola impi wangena nayo emgedeni. Kwathi ngelikade бaze бayifumanisa indlela enhle. Kwesinye izindawo izintuба kwakuvaliwe waze wathola eyehla emaweni бahlalephansi ukuze бaphumelele бashumimize ngezinqe. Phoke kwakunempi eyayi gadilo yonke indawo. Kwathi ukwehla kwempi yakwaZulu yadumelana.

35. Ithena ingaka dumelani wezwakala u Mbopha eseбongela ukuба aбone ukuthi uZulu wonke uyaphumelela ukuwela ngaleli dwala. Nthena uma aбone izinsizwa zenkosi uDingane zimulandela uбuthaphutha wase esho eбonga engakawaбoni ama Vilakazi.

Ukata lukulwini,
бa lwesaбani Zulu
Ati phonse phakathi kwaбo.
Onyathele ngomkhonto,
Kanti unhlakanhlaka;
Oloбole ngomkhonto kwa Mpephethe
Zonke izizwe zamбalekela.
Ungqomumbonjeni!
Ukata lukulwini ku maVilakazi;
Inkomo eбixophile ekhathaze UNgwane.
USiguбudu zemkonto

36/Ungwandla pangelu............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

36. Ungwandla pangelu Ngwane,
Uzagiyana zemkonto!
UMahlatshwa e6unzini,
UMhlatswa e6uhleni.
Hayi 6uyi impi!
Kuyasa njalo, wasala Zulu.
UMnyakanyaka aduka nama phela,
UMagaju njenge ngwe;
USilinde amaNgwane.
Uthena e6ona kanti na nka amaVilakazi asesondela.

Yadumelana idumelana njeuZulu u6uningi 6akhe a6ukangeni emgedeni. Nawo amaVilakazi ayengaphelele ngenda6a yokugada izintu6a zonke kwa6a yimpana encane, wayidudula uZulu yase iyanyamalala. Waze waphelela uZulu. Yase isidumelane ekwesi6ili. Lapho uZulu wemukanayo wayigwa.

37. Wemuka nayo uZulu. Lapha kwafa ama6utho amaningi ka Mphephethe. Kuthe naye ngoku6ona loku wemuka ne 6utho elali mgadile. Waphumela ngaphezulu. Wacasha kona izinsuku ezimbili yase iyamuthola impi. Laphoke kwakukhona nayo indodakazi yakhe uMphephetha uNada. Nayeke wayilwa empi uMpephetha wafela khuyona nayo indodakazi yakhe yafela khona lapho. Kwathi ngoku6ona loku a6antu 6aMaphephetha 6a6aleka. Kuthena ngoku 6ona loku uZulu wase uyahamba ngo6a ama Vilakazi ayesethola kala ngamanye ngama6ili. Kuthena uku6a uZulu ahambe asale aqoqana ama Vilakazi. Kwathi
38. nomntwana wenkosi uNdlamhla6a watholakala. Watholakala ne6utho ela limgadile. Indoda eyayi yona iyinhloko yaleli6utho uNkanuko. Usemu6eka umntwana. Kodwa waye semncane lomntwana engaka6ufaneli u6ukhosi. Kwathi u mfowa6o yise u Gama wase u yamu6ambela lomntwana.

UGama aku6usangalutho ngo6a amaVilakazi kwakuyisizwe esincane sehlangene namanye amaThonga aye6aleka khona ePhuthukezi. Wa6usa ngovalo olukhulu esa6a impi yakwazulu. Kuthena ngolaka ayenalo ofunannku6ulala umntwana uNdlamhla6a amaLala ehlukana naye ahamba abeka oBonjeni ukubeka ePhuthukezi aye ahlangana na6a kwa Maziya.

39/Laphoke u Gama..........

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

39. Laphoke u Gama wathi uyawalandela impi yakhe yamhlaphuka ya6uye ya6ulalayena. Wathi ngokufa kwakhe a6uye a6uyela emuva aMaphephetho. Naye umntwana waphindela emva nawo amaLala aphindela emuva. Kwathi ngoku6uya ka ka Ndlamhla6a aja6ula ama Vilakazi ase eyaqoqana. Kwaseku6usa yen umntwana wa6usa nayengo valo. Uthena ngoku6ona loku wase uthumela a6antu ukuyo mcelela indawo kwa Ngwane. Ngalesi sikhathi wayesofile uDlamini sekuwu Mswazi. Wase uyama mukela u Mswazi. A6anye 6ama Ngwane 6amusola kakhulu ngokum6uyisa uNdlamhla6a. Phoke uMswazi wayakha isizwe sika yise Mkhulu akanakalutho.

40. Nkumiswa kwe nkosikazi yesizwe sa kwa Vilakazi:-

Kusa6usa amakhosi o Mphephethe naye uNdlamhla6a:

Kwakuye kuthi intombi uma izogana kuthi ikhetholayo lihlome izihlangu 6ese lithwala umqelo, njenga ma6utho eya empini. Kuzakuthi intombi uma isihla6a igama 6ese isina na6aku6o ehamba na6o. Kuzakuthi induna yenkosi i6isi nika inkosikazi induku nomsila wesihlangu kuthi umasekunjalo 6ese induna isho izi6ongo zenkosi yaku6o yama Vilakazi. Nazike izi6ongo ezishiwo induna ngaphambi kokukhombisa umakoti kwa ku6o:-

41. UFephi luyindlovu enamanxe6a,
Uhuhlaza njenge nyongo yezinyamazane,
Umhlophe owakhanya, ukusa kwada6uka,
Wanganga6azingeli kwa Ngwane.
Ohlangene noNgwane wemuka,
Wadla izinkomo zika Zulu,
Wathi ka6ayona mkudla yakitheka Ngwane.
Isihlangu sika Ngwane,
Sasala ezinta6eni nemifula,
Inyoni edle izinyosi zemukhela.
A6anye 6azidle zazalela.
UNda6a owadla ezivezayo;
Owadla izinhlanzi zemifula,
Wadla izinkomo zamadoda
Kwamnyama izinta6a, namawa.

/IZuluelilduma......................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21

IZulu eliduma li6alele,
Laduma lazithatha izihlangu
42. Lathatha izihlangu zamadoda,
Lathatha zezinyosi,
Ladla amadoda esali6eli.
Imamba e6amba inamathele,
I6ambe yenyusa uSuthu.
Inhlambi yamaduna yagugude
Kugugudeka ezakwa Ngwane.
USima yedwa njenge langa
Lona limalodwa ezulwini.
uSanda sithe6e njenge nsonyama.
Inkonyane ka Ngwane,
Umphephethi wezinduku,
zamadoda zawaphansi.
Unsele eno6oya iyesa6eke.
Owakha phakathi kwemi;
Fula emi6ili iNgwedune ngwavuma.
Okule 6emzoda 6emfisela
Ukugoduka Simenyezwa
Ngama Swazi.

43. Kuyakuthi angaziqeda izi6ongo 6ese intombi ivela ngaphambile kwa6antu 6onke. Uma isivela isiwa umnewa6o. Nayeke usezokusho izi6ongo zaku6o kantombi. Uma eseqedile umncwa6o sekuvela yona induna yenkosi, isithikuyena nampa a6antu 6akho siyakunika 6ona, nala ma6utho awakho. Sekuphuma izinsizwa zigiya zi6onga yona inkosi yazo. Kwakathi uma se eqedile ama6utho ukusina iphume induna imulande imuse ngase nkosini ema6uthweni. Asazokusho iku6o ama6utho esenayo inkosikazi lena. Kuyakuthi uma sekuphela umakoti ashaye izihlangu zama6utho enkosi wona azokuma uhlelo olu-
44. hle alindele yena umakoti. Phela wenzaloku njena uphelezelwa izintombi zaku6o zisho igama.

/Kuyakuthi uma.....................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



Kuyakuthi uma eseqedile, induna ithathe futhi isho zona izi6ongo zenkosi nama6utho ase6onga yona inkosi yawo.

Kuzakuthi kungaphela loku sekuhlatshwa inkomo yakhe u makoti. Kuzakuthi izintombi naye umakoti zi6ekhona uma linkomo ihlatshwa izinsizwa zonke. Kuma Vilakazi yayinga hlatshwa ngomkhonto yayi6anjwa ngama6utho. Izintombi zizoyisholo iku6o uku6a ingasheshi ukuwaphansi nokwephuka. Uma isheshile ukufa kwakuthiwa umakoti ulula uyozala inkosi elula futhi. Umalenkunzi ifena madoda kwakutuseka kakhulu kuthi umakoti nyozala iqhawe.

45. Kuthi emvakwaloku inkosi nezi nduna sekuhlangana ndawonye kumelwe ukusina manjena. Nomakoli usezongena kuwona umkhandlu wamadoda, usomiswangekuye umyeni wakhe. Sekusinwa isikhathi eside. Nezintombi zisine zodwa. Lona owesifa zane ungena ndawozonke nase zintombini futhi.

Umasekuqediwe ukusina sekuzomiwa kulindelwe umakoti uku6a a6e. Kuzakuthi 6onke a6azalo a6a6ele. Kuthi ngakusasa a6aku6o kamakati se6oyahamba 6aphindele emuva umakoti useshiywa namanye amantombazane izinceku zakhe ezizomusiza emuse6enzini wake muzini. Izintombi ngaphambi kokuhamba zihla6a umgano ka makoti.

46. Kuzakuthi uma umakoti lowo oyinkosekazi esethola umuntwana wokuqala 6ese ku6uyiswa amadlozi ezekuyena umntwana. Kwakweziwa uma ukuthi umntwana ozelwe umfana. Kwakwaziwa ukuthi uyenaphela ozo6ayinkosi. Seku6uyiswa a6aphansi ukumu6ona lomntwana ukuze akhule a6eyindoda nase6udodeni enze imise6enzi emihle ebekwe yi6ola6a a6aphansi.

Ku6uyiswa a6antu a6akhulu ekhaya azi6uyiswa izingane. Kwaku 6uyiswa izinkomo kungezwakala ukuthi inkosikazi izi6ule ngomfana. Sekuzo6uthana amadoda komkhulu. Oyena wayehla6a umkhosi inceku
47. yenkosi. Kwakuthathwa inka6i endala enga6oshelwa e6ihlalelaloko kuphela ilindele loko. Kwaku6a yinka6i emhlophe, iyihlolampi e6ethetha emadlozi. Inkomo yamadlozi ikhethwa kwezinye isencane, ku6ayinkomo yozalo ekhaya. Kuyakuthi noma kuvela umhlolo othile ekhaya kukhuluywe kuyona kuthiwe iyona imele 6ona a6aphansi.

/Iyona nkomo....................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Iyona nkomo yayihlatshelwa izi6ulo lenkosekazi uma kungumfana.
Njengo6a ngishilo, uku6uyisa loku, ku6uyiswa osewafa awazi-
wayo owaye yiqhawe nase 6untweni 6akhe. Nomntwana usezaqanjwa
ngezi6ongo zalowo osewafa. Kuyakuthi umntwana uma ephathwa um-
48. khuhlane kukhulungwe nalo idlozi lomuntwana lowo. Kuthi noma ese-
mudala, noma ephuma eya empini a6onge lona idlozi lakhe lelo.
Lenkomo iya6uyiswa nezinye ingene ese6ayeni, kuthi uma sezingenile
zonke izinkomo ikhethwe yona ime yodwa enhla nesi6aya. Kuzakuthi
ozoyigwa asho izi6ongo zalowo a6amu6uyisayo amadoda lapho athule
wonke ayeme ngaphakathi esi6ayeni. Uyakuthi uma eseqedile ukuyi-
6onga useyigwazi imi. Lenkomo akuthokozesi uma isheshe yawa ngo-
mkhonto wokuqala. Kufuneka uku6a iphuze ukuwaphansi yikhona no-
mntwana eyo6alukhuni noma esegwaziwe empini noma egula. Uma ishe-
she yawa iyamululaza umntwana. Kuthi uma isheshile kufunwe inya-
nga imelaphe agine.
49. Uma kuhlatshwa lenkomo kumenyezwa ntambama, ayihlatshwa emini.
Kuyekuthi uma ibodlile uma igwazwa ku6ongwe kujatshulwe ngo6a nayo
isuke i6onga uma ibodla. Useyi6onga naye ethi, "Khala nkomo ka6a-
6a" usezo thatha phansi izi6ongo phansi zalowo osewafa aye aziqede
futhi. Usezothi akukhanye ku6emhlophe. Kwakuthi ingawa inkomo,
amadoda 6ese eyiphendula inkomo ibekiswe enhla ikhanda layo. Isi-
bekiswa phezulu. Isizohlinzwa inkomo. Kuzakuthi ingaqedwa inko-
mo 6ese ikhishwa izitho zayo ithuthelwe endlini yonke lenkomo ayi-
nawo amantshontsho a6antu a6anikwa lutho. Lendlu lapha kusiwa
50. khona inyama indala eyomuntu omdala umuntu ayifakwa endlini yomuntu
omusha. Iqala ngoku sindwa indlulena. Lenyama ayilengiswa iya-
songwa ngesikhumba sayo, konke okwayo kuya songwa. Uma i6ekwa
i6ekwa ohlangothini lwamadoda.

Lenyama i6ekwa notshwala 6u6ekwe emsamo. Lolukhamba luyagu-
valiswa olwamadlozi ku6alunye kuphela. Sekuzothathwa isalukazi,
noma ikhehla liyolala kuleyo ndlu. Kuzakuthi la6a a6esifazane
a6ase6encane a6ayi ngakuleyo ndlela. Kuyahlomshwa impela kakhulu
kuyona. A6adala, 6ozalo a6angaya kuleyondlu. 6onke musukwana ku-
hlatshwa lenkomo 6aqqoka kahle impela.


Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21

15

51. Kuwusiko uku6a 6onke 6agqoke kahle. Kuzakuthi umntwana athelwe ngenyongo yaleyo nkomo. Kuzawunikwa ugogo womntwana ku6e uyena omthelayo umntwana. Namakhosikazi asezongena azomu6ona umntwana uma osethelwe ngenyongo. Uma engakathelwa ngenyongo akungeni muntu ukuyon6ona. Kuyeku lindelwe uku6a aze athelwe ngayo inyongo. Amadoda wona aye ahla6e iculo lemp i ema eseqedile ukuyidla lenkomo esho izi6ongo zenkosi yaku6o. A6okuhamba a6antu okunge6ona a6esizwe sama Vilakazi u6ephiwa yedwa angadli yena na6o
mndeni. Kuyakuthi isisonyama uma isidliwa ku6uzwa a6ozalo 6odwa
52. njena. Nezingane ziyayedla lenyama. Kuyakuthi ingadliwa amathambo ayo a6ese ayaqoqwa a6ekweda wonye esi6ayeni. Kuyokuthi uma seliyoshona ashiswe wonke.

Umswane wenkomo nawouyelashwa ukuze umuntu anga6ulali inkosi. Emvakwaloku umntwana usezonukiselwa ngezinyamazane. Kuzoni kwa sona isalakazi siyomunukisela. Phela kwenza konke lo kunjena inyanga eyelapha inkosi iyona ese6enza umntwana lona. Unukiswa nango zinyamazane ezinolaka ukuze a6enesi6indi nasempi. Kuthathwa namanzi amhlophe axutshwe nemithi 6ese uyaphehlwa lomuthi sekunikwa 6onke a6ozalo ekhaya kuqala ngaye umntwana lowo.

53. Nanamhlanjena ama Vilakazi ayethemba kakhulu kuwona amadlozi, kanti iningi la6amntu eSwazini 6asethemba kakhulu kuwona amadlozi. Noma kugulwa 6asagijimela kuzo izangoma nezinyanga ku6atshena ukuthi mhlola minilena evele ekhaya. Amadlozi wa6aleki ekhaya kuthi a6alokiswa a6athakathi na6antu a6aphethe imithi emi6i ekhaya. Amanzi amhlophe ahamba nembuzi emhlophe e6ulawa kuqala kande enziwe. Yiwona kugezwa ngawo um inkomo isidliwe yaqedwa. Imphepho omunye umuthi osizayo uhambelana namadlozi nawo. Kwenziwa uma kuhlatshwe inkomo kushwelezwa kugula umuntu ekhaya kushungiswe nemphepho
54. uma inkomo ihlatshwa. Umakuyinkomo yamadlozi e6uyiswa ayiphathwa imphepho. Umntwana ushungiselwa ezalwangayo. Kunemirye amikiselwa ngayo uma eqiniswa ngedlozi umntwana. Phela konke loku kwenziwa inyanga. Linge6uye uma imithi inga6onaze isetshenziswe. Kuye kulandwa inyanga eyaziwayo yesizwe uma kungethathwangwa eyenkosi kwa yiyona ilungisa umntwana ukuze aphumelele ukukhula a6eyi nkosi ehlakaniphile.

/Lomkhu6a wawenziwa............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

 K13/21 

Lomkhuба wawenziwa kumaVilakazi. Nanamhlanje abanye bawo ama Vilakazi abayizikhulu basakwenza loku. Noma okunye bengasakugani konke.

55. Ukufa kwe Nkosi yama Vilakazi.

Kwathi uBinda yona belu inkosi yamaVilakazi uma isifa kwabuyiswa izinkabi ezindala amahlolampi. Amahlolampi izinkabi ezazingabulawa ziyekwe zize ziqothuke uboya emhlane, sezizindala. Yizona ezazibika umhlola ekhaya noma kuzovela impi noma kuzofiwa ekhaya kwakuzwa kalangazo lezi izinkabi. Kwakunga khethiwe umbala noma enjani uma ifanele yayibekwa. Kwakuthi uma zibonakele zibika umhlola kuphuthunywe kuyiwe ezinyangeni, bese ziyawusho umhlolo lowo eziwubikayo lezi izinkomo sekushwelezwa kheomunye umhlola

56. unyamalale, omunye uvele njalo njena. Futhike yizona zinkomo ezazihambisa inkosi uma isifile kwaku hanjwa nenkabi endala kuphume ibutho elidala lenkosi eliyintanga yenkosi efile li ube inkabi liyise lapho kukhona izingonyama eziningi. Kuy kuthi uma zifikanayo kulawo mahlathi, zimemeze izinsizwa noma amadoda amadala athi, "Uyakubiza uwenu, uthi muphelezele usehambile". Kuyothi uma ingekho kuleyondawo zingayi naki izingonyama. Sebezoqubek njalo namahlanze, kuyothi ekugcineni ize ivele okuyintanga yalona oyinkosi osegodukile. Iyothi ingayi bona inkabi lena ibonakale ibonga impela sengathi izobulala wonke umuntu, asezobongela amadoda ngezi-

57. bongo zamakhosi. Kuthi inkabi lena ibonakale isilalaphansi, bese amadoda equbeka ebonga impela, asukume ame ngezinyawo. Inkabi ayisa baleki yona isiyayi lindela. Isizothi uma ifika kuyona iyihlabe entanyeni isiwa phansi njalo ngoba ithi ingaba seduze ibuye ivuke futhi. Isizowiswa iyona ingonyama. Sekuzakuthi uma liphuma igazi iliphuze lonke izeyesuthe. Kuyakuthi uma isilele phansi amadoda esebonga izibongo zenkosi leyo engasekho asesondela kuyona ingomnyama aseyigwaza. Phela lenkomo isuke yelashiwe inyanga yamakhosi. Okwenza ingonyama idekwe ingazi yayo yiloko.

58. Ayokuthi angayi gwaza amadoda athathe isikhumba senkabi lena ebulawe iyona ingonyama isongwe ngaso ithwalwe isiwe ekhaya. Uma sebefika nayo sebemka inyanga yenkosi yona ingonyama.

/Isizothi ayihlinzwe...............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Isizothi ayihlinzwe 6esa iyelapha ngayo ithunalenkosi. Yonake inkosi isisongwa ngesikhumba saleryamazane. Kuwonke amakhosi kuyenziwa, kwakumukhu6a wamaLala nama Vilakazi awuthatha kuwone amaLala. NoZulu u6ekwenzaloku akwaziwa ukuthi enake uZulu wawuthathaphi lomkhu6a noma kuwona ama Lala noma kuma Vilakazi. Lenyama esele isizonukisela lenkosi ezo6usa elandela leyo. Nayo kwenziwe njalo uma isigoduka.

59. Yingaki inkosi yama Vilakazi yaziwa ngokuthi iNgonyama. Neyakwa Ngwane nanamhlanjena kuthiwa ingonyama. Ngo6a phela iyona amakhosi elashwa ngayo. Nensele lana a6akwa Vilakazi 6ayanukiselwa ngayo. Yingako izi6ongo zama Vilakazi ziphatha unsele ngo6a inyamazane yakhona yokunukisela amakhosi. Amakhosi akwa Vilakazi ayelahlwa phakathi kwemifula emi6ili ingwedu nengwavuma. Nanamhlanjena akus leli umaku6ongwa ukuphatha ingwedu nengwavuma.

Nazoke izi6ongo zamaVilakazi:-

6iuda Mpephethe,
A6adla umkadadewa6o 6athi kananyongo kanamhlehlo.
6inda khulu malinga woGama
wena wase Ngwovu nengwavuma.
Mphephethe nsele lono6oya.
60. Elimadwala a6utshelelezi
Latshelela uNgwane usongile,
Wawa waye wawa ngezihlangu.
Odla izinkomo zamaZulu,
Wazilethela umkhokha wazilaya,
Mvuthuzi atshiye.
Inyoni kwa Ngwane,
6iuda, Gama nsele ono6oya,
Malinga khulu woGama.

Nanamhlanjena a6athandeku akwa Vilakazi. Kwathi noma uNdlamhla6a e6aletha ama Vilakazi kwa Ngwane kwa6a ku6i, 6anikwa indawo ya6o6odwa khona lapho uNgwane aye6a6eke khona kwa Hoho. Kusukela emankayiya kuzekuyofika eZitha.

/Inkosi a6ayilapho..............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Inkosi aбayilapho ikhona бayangeniswa ngoбa kwakwesatshwa ukuthi бaбuya nomkhonto wakuбulala inkosi. Ayaziwa kakhulu amaVilakazi eSwazini.

61. Umdlalo wezingane.

We-ma, We-ma, uphi uбaбa?
Nyihlo mntanami,
Yeka izwe laбelungu,
Waya eMgungundlovu,
Yilapho ekhade khona,
Uphekela aбelungu.
We-ma, We-ma, uphi uбaбa?
Yihlo mntanami,
Uthi uyaбazi aбelungu,
kanti akekho esikoleni,
Ilapho yilapha enkosazanisakhona,
Wayo funda.
We-ma, We-ma, uphi uбaбa?
Uyihlo mntanami,
Uthi ngoбakhohlwa aбelungu,
Nawe uyoбa njengaye,
Ulale eziweni,
Ugone amachwane ezihlabu,
Wayokhonzela thina.
We-ma, We-ma uphi uбaбa?
Uyihlo mntanami,

62. Untanta nezikebe olwandle.
бaбamba izinyamazane olwandle,
бaбamba izinyamazane zamanzi.
Wayoseбenza imali yamakhanda.
We-ma, We-ma, бaphi oбaбa?
Uyihlo mntanami,
Uso, wangithinta endaweni,
Wa ngiphatha esilondeni,
Uyingqondo mntanami.
Kodilika ijele!

We-ma, We-ma.....................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



We-ma, We-ma, uphi u6a6a?
Uyihlo mntanami,
Kwangalapha singa ekhona,
Wahamba mntanami,
Wahamba uhambo olude,
Wahamba olungapheli,
Angazi nomasom6ona na.
Wahamba mntanami,
Waya ekuphumuleni,
Sohlangana ekupheleni.

63. <u>Izi6ongo zesitimela.</u>

Nqola yomlilo,
Nqola yomlilo,
Mgangadi wezindlela eziya eMashona.
Ngulu6e edla no6u6i,
Hamba na6o.
Nqola yomlilo,
Malamlela owalamlela izinyawo zethu,
Wena owazisindisa ekuvuvukeni
Hamba na6o.
Nqola yomlilo,
Sehla senyaka wenkalo eziya eGoli.
Mthunzi wezizwe zonke,
Mthuthi wamaNgisi nama Mpondo,
Hamba na6o!
Nqola yomlilo,
Mthumbelezi ngezihosha eziye Kipi,
Mpheleki wezintombi nezinsizwa,
Hamba na6o.
Nqola yomlilo
Mandiza ondizisa iGoli neDayimane.
64. Mtoto6isi wezivela Phesheya,
Hamba na6o!
Nqola yomlilo,
Meqisi ophunyulisa amashinga,

Mbunguli o6ayisa..................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21 20

Mbunguli o6ayisa umuzi wonke,
Hambo na6o!
Nqola yomlilo,
Godloza onqamula amaphupho,
Mmemezi aqandula izindle6e,
Hamba na6o!
Nqola yomlilo,
Mahambema egivinya, ekhafula,
Nogedehlehla kanti uya6ophela,
Hamba na6o!
Nqola yomlilo,
M6uyisi o6uyisa a6adliwe,
Mgodusi o6akhumbuza amakhu6o,
6uya na6o!
Nqola yomlilo,
Mtoto6isi wezidumbu neziguli,
Mvumi wena ongali ukutwala,
6uya na6o!

65. Ama Vilakazi ase Mso6otsheni NgaseWeneen eNatal:-

Kwathi uNdlamhla6a uku6a a6uye akhonze kuyona inkosi yakwa Dlamini umnakwa6o, e6alekela uZulu. Kwase kuvela um6ango wa6antwana eSwazini. Kuthi kungafa yena uMswazi amaNgwane awamange esahlala ngokuthula kwathi kanti 6ese kuyisizwe esinamandla sase sithanda ukuphila ngokuhlasela njalo. Kwathi uku6a uMbilini ezwe ukuthi uyise akasekho wase uya6uya ngo6a waye 6alekele yena uyise. Kwase kuthi indoda eyayi6ambile undwandwe evalwa nayo indodana yomfawa6o. Kwathi kunjalo nonyamayenja wa6a nohluphu olukhulu ku6a-
66. ntwana 6omfowa6o. 6ase 6elwa nondwandwe wehluwa uNyamayenja uNgwane wayenqamuke ka6ili omunye wahamba noNyamayenja, omunye wasala ku Ndwandwe. Okwenza u Nyamayenja alwe no Ndwandwe yingo6a uNyamayenja wa6ona umuzi wonke ka Mswazi uvuma u Ndwandwe usulahla a6antwana 6enkosi. Ngo6a naye waye ngowenkosi waye se Vunana namanye amadoda. Kwathi ama Vilakazi iningi lawo la6a ngaku Nyamayenja.

/Isidumelana impi..................

Isidumelana impi ka Nyamayenja no Ndwandwe ngo6uncane 6a6antu 6aka Nyamayenja yehlulwa impi ka Nyamayenja. Use6aleka uNyamayenja.

67. Sekuthi nala6a a6angakuye se6e mulandela uNyamayenja. Kwathi uku6a 6endlule kwaZulu 6awela uTukela 6ase 6eyakha lapho sekwakhe khona aMacunu namhlanjena. Kwathe indodana kaNdlamla6a uMa-Mbane wayesehamba naye umntwana wenkosi. UMambane kwakuyisi khulu senkosi sama Vilakazi njengo6a ama Vilakazi ayesehluliwe ngama Dlamini. Kuthena uma uNyamayenja ezwe ukuthi uZulu usesondele wase uyemuka lapha oTukela. Akamange esamlandela uMambane yena wa6uye waphindela emuva uku6e ezwe ukuthi usefile uNdwandwe seku-6usa yena owenkosi uMbandeni. Uku6a uNyamayenja akahambanga nga-6e kwa6a uyena inkosi. Nokuphindela emuva wesa6a ukuthi 6ayom-

68. hlanga6eza ngawo umkhonto. Kwathi umuze omunye ka Mambane awa6e usavuma ukuphindela emuva. Kwaku6a, ngo6a wawehlukene, uMambane weyesewulahlile, Kwaku ngowakwa maSha6alala lowomuzi. Inkosana yakwakhe kwakuwu Zikhali. Nayeke uZikhali akamange esalandela uNyamayenja. Kwathi amanye amaVilakazi asala naye uZikhali. Yiwonake lana ase Mso6otsheni. Kwathi kuhleziwe kukuhle a6uye axa6ana wodwa amaVilakazi. Kwathi indlu yakana Sha6alala, yehlukana nendlu yakwa maTha6ede. Wase uyemuka uZikhali eshiya umfowe6o u-Mazilini. Uyena uMazilini owaqhamba wona ama Binda ase Msuluze eMso6otshene. Wathi ukwe hlukana na6o uZikhali wase utholana ne-

69. nkosi uNyamayenja. Uthena uku6a amu6one waja6ula uNyamayenja wase uMenza induna yakhe. Nanamhlanjena indodana yakhe uZikhali uMahlasela waye yinduna yamaNgwane. Kwathi lamaNgwane a6uye alishintsha igama lawo lokuthi amaNgwane kwa6a amaNgwane akwa Ndlela. UMahlasela waziwa njenge nduna yakwa Ndlela ama Swazi ka Nyamayenja.

UMahlasela lona wayesakhe eNkunzi ngalenkathi inkosi imenza induna yayo. Yenake wayezalwa uyena uZikhali uMzukulu ka Mambane. Waye zalwa uNankosi yena. UZikhali wathatha intombazane

70. ka Nyamayenja. UMahlasela lona wama Vilakazi uzalwa unaNkosi ka Nyamayenja. Kwakungeyona inkosikazi unaNkosi, kodwa kwathi ngo6a inkosi imganisele unaNkosi wayesemenza inkosikazi. Kuthi unaNtuli oyena wayeyinkosi kazi aka6e esamumisa uku6a angayiyona.

/Kwase kuvela.................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Kwase kuvela umбango kuma Vilakazi wodwa londaбa yaze yalanyulwa inkosi. Kwasekuthi indodana kaZikhali yakwa naNtuli yemuka yehlukana nomfowaбo uMahlasela. Namhlanjena aбantwana бakhe kwelase Charlestown. Aбamange бesaphindela eSwazini. Amaningi amaVilakazi aseCharlestown. Inzalo ka Ndlula indodana enkulu ka

71. Zikhali ka Mambane. Amanye ama Vilakazi naka kuleli lase Dannhauser. Lenake inzalo ka Mahlasela ka Zikhali. Kuthena uMahlasela ngesikhathi esenkunzi kuбusa inkosi uMkhakanyeki kwase kuzwa kala ukuthi kukhona aбelungu aбathengisa ngezwe kwelase Dannhauser. UMahlasela wase umema amadoda eyengaphanzi kwakhe. Amanye awavumanga ukumulalela uMahlasela wase uthatha lawo avumelana nawo бahlanganisela бathenga lelizwe lase East Heslerton eDannhauser. Nanamhlanjena amadodana aka Mahlasela asekhona kuleli lase East Heslerton. Seliphethwe umzukulu ka Mahlasela uMahlimbi ozalwa indodana ka Mahlasela uBevule.

72. Nayeki uMahlimbi uбambele sona isizukulwane sika yise omkhulu uMahlasela. Izelelí uMahlasela wathi olesizukulwane. Yonke inzalo yakhe isekulolelí. Phela yena wayena makhosikazi ayisithupha inkosikazi yokuqala unaShaбangu ozala uyiseka Mahlimbi. Owelama loyo unaNkambule ozala uma Nzoli ikhohlwa lika Mahlasela. бesekuza unaNkosi inkosazane ka Mkhakanyeki inkosi yaбakwa Ndlela aбakuleli lase Dundee aбanye бangase Newcastle. Amakhosi aбamhlophe бawe hlukanisa, kwathi uBedleni indodana yakhe uMkhakanyeki yaphatha izifunda ezingase Dundee. Kwathi okuyena nkosi ngempela oGamulakhe waphatha izifunda ezingase Newcastle.

73. Iningi laбantu бakwa Ndlela бangase Newcastle. бehlukene laбa aбantu aбanye бathengile aбanye aбathengile. бayeбahlangane umakunomkhosi umkhulu komkhulu lena eJokisi lapho inkosi isikhona manjena eduze nase Mzinyathi kwelase Newcastle. Lekuбusa indodana yakhe uGamulakhe uMakhosini manjena.

UMahlasela wayeyinduna enkulu yakwa Ndlela. Nanamhlanjena kulapha amakhosi akwa Ndlela evama ukuhambela khona.

UMahlasela njengoбa Lomndeni umkhulu kangaka weza nayo yonke inzalo kayise kwasala бaбa Mбalwa.

/Noбoke aбanye.................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

Nobоke abanye abafowabo bamlekelela ngezimali bathenga lelizwe. Nabanye oku ngebona abakwa Vilakazi bamelekelela.

74. Ukufika kwama Ngwane lana osokuthiwa awakwa Ndlela ayemancane njengoba ayehamba ehlukana. Kwathi uMahlasela wabahambela bonke laba ababenamakhosi amancane, nabanye ababenza babamntu munye bonke njengoba namhlanjena kunabanye abakwa Ndlela abase Ndaka induna yabo uMavuso abanye base Mahukwini kwelase Mnambitho baphethwe uyena owenkosi kaMkhakanyeki. Kunezinye izindawo ezasizwa uMahlasela ukuba zihlangane nenkosi yakwa Ndlela. Namhlanjena sebe yisizwe esekhulu abanye bangaphesheya komzi nyathi eUtreght. Yibona njalo abatholwa uMahlasela etholela inkosi uMkhakanyeki.

75. Isililo esakhalwa abakwa Ndlela musukwana kufa uMahlasela:-

Phansi komthunzi welanga,
Ezakho zixakekile ziyinkinga;
Bengithi umhlaba uyisithabathaba
Kanti angazisanga
Zithi ezakwa Ngwane akunjalo.
Phasi komthunzi welanga,
Ngingalanda Ngithini na?
Amehlo abona ezinkulu,
Ebona engaqali engagcini;
Izindlebe zizwa kungapheli
Zizwa kanti futhi azesuthi.
Phansi komthunzi welanga.
Angagcina athini amehlo?
Kanti angakhathala yini wona;
Angephayize emuva kwezingolazo;
Ndletshana izesuthise isizeni;
Abayigqokisi isigujana izwe!
Phansi komthunzi welanga,

76. Lapho izinto zahlukahlukayo,
Lapho izinto ziphenduphendukayo;
Lapho ukwazi kukhulakhulayo,
Lapho ububi buhlwabusayo,

/Laphoke..........................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



Laphoke kusemhla6eni!
Phansi komthunzi welanga,
Yini emnandi, yini e6a6ayo?
Ngasogwini lomsuleze,
Ngifumane izikhundlwane,
Kanti phansi ko khahlamba,
Lapho izimpunga zamangala.
Phansi komthunzi welanga,
Kuyiwa phambili nomanyovane yini?
ESontwano 6athi sofa silahlane
Izinta6a kazideli, ngo6ude 6azo.
Zisithe izinkalo ezinhle nezimbi.
Kudela izinyoni zona ziphaphayo.
Phansi komthunzi welanga,
Yini edlekayo yini engcolisayo?
Sithena siphuza sihlezi,
6awukhuluma umhlolo, Ngwane,
77. 6athi, Akamphephethe akasekho,
6athi, udliwe umhla6a njengo
Yisemkhulu uNdlamhla6a.
Kwaqhamuka i6andla lamudla.
Phansi komthunzi welanga
Ngizophuza kuphi manjena?
Loku 6esiphuza kuyena okaNgwane.
Indoda emadodeni,
Umthethi macala ka Ndlela.
Umme omeme izizwe kwa6a uNdlela.
Umehlo emamba emhlophe zimnyama.
Umnamisi kanti ungumulwisi ne?
Wafa okazikhali engenacala,
Kanti no6uhle 6akho.
Kunge6e nda6a elungayo ukulala,
Alale kungakhulunywa oka Binda,
Wafela ukulungisa izinda6a,
Izinda6a nazo zingamulingene,
Ndlela ningeli 6use.



Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



78. Ingodosi ikhalela isoka:-

Phezu kwe Mfolozi,
Eduze neSikwe6ezi,
Kwahlala ingodosi,
Yahlala njengenyosi,
Nsuku zonke i6u6ula.
"Waye Goli, wayose6enza,"
Isho zigo6oze izinyembezi,
Maye Maye sowadliwa.
Kazi ngiyini emhla6eni
Ngo6a mtshingo u6ethwa u6a?
Ekuphumeni kwelanga,
Iqalaze empumalanga,
Kumbe angangi khumbula,
Nangencwadi oka Vilakazi.
Ithumele umfana iNgodosi,
Elayo alikho iposi:-
Waye Goli wayose6enza.
Isho zigoboze izinyembezi,
Akasabali nencwadi encane,
Ngogana inyamazane na?

79. Phezu kwetshe,
Iqhothula umca6a
Phansi kweqanda lentshe
Mhla6a usica6a na?
Ungemdilingise lapha na?
Angekhohlwe a6uye na?
Waya Goli wayose6enza
Isho zigoboze izinyembezi
Maka6uye noma angephuza
Ngathela muva njenge mbumba
Phakathi emasimini,
Kwenkulu imini,
Kukhala amakha6a.

/Ifikelwe ukwesa6a.............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21

26

Ifikelwe ukwesaɓa,
Sengathi wuye uyakhasa,
Kwawombila umakhasi,
Waya Goli wayoseɓenza.
Isho zigaboze izinyembezi,
Sowabunguka angeke aɓuya,
Sowabunguka,
Phakathi elawini,
80. Ihlezi emunywini,
Izwa inja ikhonkotha,
Nomuntu enyonyoɓa,
Akuyena othandwa yimi,
Kuphela umlamu wami.
Waya eGoli wayoseɓenza,
Isho zigoboze izinyembezi,
Sowabunguka, sowabunguka,
Angeke esaɓuya.
Eɓusuku kwamaɓili
Phansi kwezinguɓo ezimbili,
Iphuphe lifikile,
Yavuka lisukile,
Yaɓona iɓiphupha,
Khakhulu yalingoza.
Waya eGoli wayoseɓenza,
Isho zigoboze izinyembezi;
Kungcono uhambe njalo.
Uze ugugele eGoli!
Wahamba wayoseɓenza,
Wahamba waya eGoli!

81. Iziɓongo zo<u>Mgungundlovu Maritzburg:</u>-
Ngihlezi ngujwakashela imizi
Ngidamane nguvaɓona amadoloba.
Kepha undonga ziɓomvu,
Uwaɓawaɓaoluvovayo ngiyalwesaɓa.

/Kepha eMgu...................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

 K13/21 

Kepha eMgungundlovu kukodwa,
Ngiyala ukuhamba kunezinyawo
Kuyangishaya, kuyangimangaza.
Hayi akungangi mangazi
Njengomuntu efuze i6izo,
Nawo ufuze okaVezi.
Kuya ngokubula kwe Mbongi
Mhlazane ihashe oka Menzi,
Kofa, a6antu kusele izi6ongo
Zisale zi6alilela eManxuveni,
Onduku zi6omvu.
82. Onduku zi6omvu sowaqothuka
Amaziko awo nguva6one embiwa
Embiwa oka Zikhali zempi na6elungu.
Izinge zenkosi sezingumbukiso!
Phakathi ko mkhumbane no Nzololo,
Kwakungumuzi yini lowaya!
Ngeke waziwa naphakade,
Angangawo awaziwa kwa Zulu!
Kepha lapho ngi6uka owa6e Lungu,
Ngiwu6uka kwama6ili;
Lapho a6athakathi 6egi6ele 6ebekele,
Ngisuke ngi6andelwe umbilini.
Ngaphakathi kumina kuyasika,
Sengathi ngeke ngazala;
Kumbe yingo6a ngazalwa,
Ngazalwa uNo6antu ka Hla6ane.
Ngiwu6uka ngiwehlela,
Ngiwuvelela ngenqola yomlilo;
Ngiwu6uka qede ngikhohlwe
Umnambithi.
83. Ngili6ale mhlazane sidla izinja.
Lapho ngiqamuka emagqumeni,
Ngikhangwa a6athandazi 6ehlelile;

/6agqoke imi6ala...............

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21



6agqoke imi6ala ngemi6ala
6ayothandazela umuzi ka Vezi!
6a6uthane 6onke:
Kuhlangane iziyoni zimhlophe,
Kukhona ama Weseli a6omvu,
Kukhona amanye-aluhlaza.
Ngisho-nje futhi kuhlwile,
Okhanya isikhathi sa6o;
6alwa no6umnyama 6ethi:
Khanya emehlweni ethu.
Angi6oni kahle,
Akumakholwa lana:
Yini angaku6i?
Yini anganyakazi?
Uthi akungat'anga6ekhó,
A6akhanyisile amahlo6a,
A6enzi umfuziselo wokusina,
Njengo6a 6a6enza neHwanqa?
84. Hayi akusi6o a6antu!
Zinkanyezi uqo6o,
Zimbala6ala ziwile;
Zawa kanye "neZulu eliphezulu!"
Mangisathi zingakwesokhohlo,
Phansi nesigodi angisazi;
6ese zi6a ngakwesokunene:
Nazo phela izihlathi za6adeshi!
Lapho ngisathi ye6oke,
Masinya okolimi lonwa6u,
Sengimi esiswini somuzi:
Phakathi esiteshini eMgungundlovu.
Phezu ko Mngeni,
Eduze no Msunduzi;
Zimi lezizi6ani,
Ziyoloku zama.

/U6usuku 6onke....................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13/21 29

Ubusuku bonke zivabakhanyisela
Abaleleyo nabahambayo;
Zibukisa ubuhlakani bezizwe,
Phansi komthunzi welanga.
Ngeke ngikufulathele,
85. Ngiyokubeka njalo;
Kuze kusithe amagquma,
Abunganyele wena Mgungundlovu.
Uma nginga kubabazi Mgungundlovu
Angingatusi muzi eNatali!
Uma ngikukhohlwa Mgungundlovu,
Angingakhumbuli nalinye idiloba.
UMgungundlovu undonga sibomvu.
Ngiyawe saba umenze omame,
wabuye waminza obaba,
Kuthena kunjalo waminza odadekazi,
Wabuye waminza izinsizwa zobaba.
Kodwa namhlanjena usaziminza.
Mkhaba kawugcwali ngamanzi,
Ayengena amanye uyawahlanza,
Sithunzi samadoda sokuzibuka,
Omame no dadewethu bayazibuka
Izinsizwa azideli ubuhle bakho.
Ntaba eziwiswa umoya zingafanele,
Ezinye zingawi.
UMgungundlovu ondongazibomvu.

86. Ukutheza amalongwe.

Lona umsebenzi wabantu besifazane amadoda awawenzi lomusebenzi. Abafana bayaye batheze nabo uma ukuthi kukhona abazokosa. Kuye kuthezwe amalongwe ezinkangala ezindaweni lopho amalongwe engakhona. Uma kusebusika amalongwe atholwa kalula emahlangeni. Uma amalongwe engekho kuthezwa izinhlanga.

Kuye kuthi lapho izinkomo zivamisa ukuma khona uma sezesuthi noma umakade ziyophuza. Ayayekwa amalongwe aze ama kade athozwe.

/Abanye bawa......................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

K13 /21 30

Abanye bawa buthela ndawonye amalongwe ukuze kuthi angomabewa
87. thathe. Kuye kumemane izintombi, noma amantobazane ukuthi kusasa kuhle siyo theza. bayisho ngendawo lapho ekhona amalongwe. Sebelungisa amasaka neziqebetho zokuthela wona amalongwe. Nayilowo esezogcwalisa loko akuphethe uma ekhona amalongwe. Abaqali ngokuwa wolela baqale bawabeke izinqunjana eziningi, njalo njena abanye benze inqumbi ibenye enkulu. Uma esebona ukuthi inqumbi yakhe isinkulu usezo wolela manjena. Kuye kuphangelwane omunye angatholi lutho uma ehamba kancane.

Kuyothi uma kufikwa ekhaya kwenziwe izitha. Izithake kuye kwenziwe izinqwaba zibenkulu zingabaswa zona. Kuyakuthi uma izulu libanda kumakhaza kubaswe zona izitha. Abakhuthele ziba zningi izitha.

88. Nezinkuni zithezwa kanjalo. Kuye kuphathwe izimbazo zokucanda uma kufumaniswa ugodo olufuna ukucandwa. Izinkuni zona ziphathelwa izibopho ukuze kuthi uma umuntu esebona ukuthi umnyaba wakhe usumkhulu azibophe azethwale ahambe nazo. Nazoke zenziwa zona izitha. Zizodwa izitha zokothiwa zizodwa futhi izitha zokubasa umaliphendule.

Ziningi izinhlobo zokutheza kuye kuthezwe nezinhlanga emasimini ikakhulu uma kuzokwenziwa utshwala. Notshani buyathozwa futhi bokushawu lela uma kuphekwa noma kuphekwa utshwala. Kodwa izinkuni yizona zingcono kuna amalongwe nokunye njengotshani nezinhlanga nenhlaba iyathezwa.

89. <u>Ukucabaya:</u>- Nako kuyahambelana nokutheza. Kuye kufunwe ubulongwe bezinkomo laphozinya khona. Uma izinkomo zilala ehlane kuye kuyiwe lapho kade zilele khona kuthathwe ubulongwe kufunwe namanzi. Ubulongwe sebubekwa inqumbi ibenye kuphela ithelwe nganzi ixovwe. Kuthi umasekumanzi kubunjwe kucatshwaye phansi emhlabathini noma kunotshani akukhethelwa, noma bungekho akusho lutho. Abanye bacabaya ematsheni uma befuna amalongwe asheshe ukhoma.

Uma izinkomo zilala esibayeni kucabayeka kalula ngoba kuqala ngokukhipha ubulongwe esibayeni, akucatshayelwa phakathi kucatshaywa ngaphandle kwaso.

90/Okunye ukucabaya..................

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018

90. Okunye ukucaбaya kwenziwa ngoбaka. Kuye kuthi uma lina izulu umquбa бese uбamanzi manjena. Sekuzongena amakhosikazi esiбayeni aluxove udaka lolo. Alucaбaye enze wona amalongwe. Kuye kuthi angoma kancane aphendulwe ukuze omekahle. Nawo aoбulongwe ayaphendulwa omiswe. Kuyakuthi uma esomile kwenziwe izithangawo.

Okunye okwenza amalongwe ukuba umquбa kuthi lona ophume waбa amaqeqeбa kuбe yiwona owenza izitha. Lamalongwe enzelwa utshwala ngoбa anentuthu eningi wona. Futhi ayephuza ukuphela anamalahle amaningi. Okunye okuбaswayo amahleza ombila, nawo avutha kahle njengawo amalongwe.

----------oOo----------

END 794.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2018